

UKopano noLereko babedla amakhekhe ababewabhakelwe umama wabo.

La makhekhe ayegcwele uju.



ULereko wabuza umama wabo, “Ngabe uju luvela phi?”

“Mntanami, izinyosi yizo ezenza uju,” kusho umama.



“Izinyosi zenza uju ngezimbali. Ziqoqa umpe nempova ezimbalini,” kuchaza umama.

“Izinyosi zifafaza impova ziyifafazele kwezinye izimbali.”



“Lokho kubizwa ngokuthi ukuqhola, kusiza izitshalo ukuzalana ngokucheleka kwempova.

Impova iyingxenye yembewu.”



“Izinyosi zithutha impova isuke kwesinye isitshalo iye kwesinye. Ziqhola izitshalo zethu,” kusho umama.

“Ezinyosini siphinde sithole neminye imikhiqizo ewusizo.”



“Ngiyazi! Sithola uju ezinyosini,” kusho uKopano.

ULereko naye wathi, “Uju lunambitheka njengoshukela futhi lumnandi!”



“Uju luphinde lusetshenziswe ukwenza imithi yokwelapha,” kusho umama.

“Amanye amaphilisi nezimpuphushana zemithi yemvelo kwenziwe ngoju.”



“Uju ludambisa izinhlungu zomphimbo, ukukhwehlela nomkhuhlane.”



"Uju lusiza ukwelapha izilonda nokusha."



“Uju aluluhle kubantwana abancane. Lungenza bagule kakhulu,” kwexwayisa umama.



“Benilalele nje? Kungani izinyosi zibalulekile?” kubuza umama.

“Ziqhola izitshalo!” kusho uLereko.

“Futhi zenza noju!” kusho uKopano.



Kusukela ngalelo langa, uKopano noLereko bazihlonipha izinyosi.